- 14.1 Uma kwethweswa umfundi icala ngesenzo esiyicala esenziwe ngokokuchaza kwalemithetho futhi kusaphenywa, noma ngokubona kwaMabhalane Omkhulu kufanele umfundi athweswe lelo cala noma uma umfundi ethweswe icala elinzima, (njengokukleliswa kwawo Ohlwini 1 loMthetho Wezokushushisa Ubugengu 51 wezi 1997, nezichibiyelo zawo) enkantolo yezomthetho, uMabhalane Omkhulu/ UMqondisi wezoMthetho uma engekho uMabhalane Omkhulu angayalela ukuthi ngaphambi kokuba kuphume isinqumo senkantolo ngamacala athweswe umfundi:
  - 14.1.1 umfundi amiswe ekuyeni emakilasini;
  - 14.1.2 umfundi angalibambi iqhaza kweminye imisebenzi yeNyuvesi ezobekwa ngokucacile;
  - 14.1.3 umfundi angangeni kwezinye izingxenye zeNyuvesi noma iziphi ezinye izindawo ezibaliwe zeNyuvesi;
  - 14.1.4 angangeni ngemoto emagcekeni eNyuvesi;
  - 14.1.5 angahlali ezindaweni zokuhlala zeNyuvesi;
  - 14.1.6 akanayo imvume ukuxhumana ngqo noma ukuxhumana nabamangali noma omunye wofakazi babo ongummangali
- 14.2 uMabhalane Omkhulu ngeke enze umyalelo ngaphansi kwesigaba 14.1 ngenhla ngaphandle uma-
  - 14.2.1 umfundi elekelelwa abamumele ngokusho komthetho-18, ngaphandle uma umfundi engalisebenzisanga ilungelo lakhe lokumelwa ebenikeziwe ithuba lokuvela phambi kukaMabhalane Omkhulu ezoveza izizathu zokuthi kungani umyalelo ungenziwanga; futhi
  - 14.2.2 uMabhalane Omkhulu ukuthatha njengokuyindlela yokuvikela abafundi nabasebenzi ukwenza lomyalelo.
- 14.3 Umphathi Wezindawo Zokuhlala Zabafundi angayalela umfundi osolwa ngokwephula Umthetho Wezokuphathwa Kwabafundi ukuba aphume aphele endaweni yokuhlala futhi angabuyi kuze kuphele izinsuku ezinhlanu zokusebenza.

- 14.4 Umphathi Wezindawo Zokuhlala Zabafundi ngeke enze umyalelo ngokwesigaba 14.3 uma:
- 14.4.1 umfundi esenikeziwe ithuba lokubeka izizathu ezenza ukuba lomyalelo unganikezwa; futhi
- 14.4.2 uMphathi Wezindawo Zokuhlala Zabafundi ekubona kuyindlela yokuvikela abanye abafundi abahlala kulendawo noma kuhambisana nokuqhutshwa Komthetho Wezokuphathwa Kwabafundi;
- 14.5 uMphathi Wezindawo Zokuhlala Zabafundi emva kokwenza lomyalelo ngokwesigaba 14.3 abhale umbiko ophuthumayo ngomyalelo nezizathu ezisekela lokho awuthumele kuMabhalane Omkhulu oyovumela noma aphikisane nawo.
- 14.6 uma umyalelo owenziwe ngokwesigaba 14.3 uvunyelwa, noma umfundi efaka isicelo sokudluliswa kwalomyalelo, uMabhalane Omkhulu uyothatha izinyathelo ezihambelana Nomthetho 14.1, kusalindelwe umphumela okungenzeka uMabhalane Omkhulu akhuphule isibalo sezinsuku zokuxoshwa komfundi endaweni yokuhlala
- 14.7 Uma uMabhalane Omkhulu engekho, amandla okuqinisekisa ukugcinwa komthetho ngokwezigaba 14.1, 14.2 no 14.6 ayosetshenziswa yiDini Enkulu : Yezabafundi noma ubani omunye oqokwe uMabhalane Omkhulu ukwenza lomsebenzi.

## **15. INDLELA YOKWENZA NGOKWEZOKUPHATHA**

- 15.1 Umfundi osolwa ngokukopela esivivinyweni sasekilasini, noma omunye umsebenzi wokuhlolwa, angavuma icala ngokugcwalisa ifomu elifanele ngemvume yeNhloko Yesikole uma
- 15.1.1 lokho kuhlolwa kungeqile emaphesentini angama 25 emamakini okuhlolwa okugcina kuleso sifundo.
- 15.1.2 umfundi engakaze atholwe enecala lokukopela ngaphambilini noma avume icala;
- 15.1.3 Inhloko Yesikole inombono wokuthi leli cala alidingi isigwebo esingaphezulu kwalesi esikumthetho 15.3
- 15.2 Ngokwalomthetho, ukukopela kuhlenganisa zonke izinhlobo njengokuchazwa kwazo kumthetho 9.3.
- 15.3 Uma umfundi evuma icala njengalokhu okushiwo okungenhla:
- 15.3.1 imaki lokuhlolwa liyomlahlekela noma licinywe;
- 15.3.2 Igama kanye neSikole somfundi kuyoshicilelwa ngokwendlela egunyazwe uMkhandlu weNyuvesi;
- 15.3.3 Ukuvunywa kwecala kuzoqoshwa kumarekhodi omfundi ngesikhathi esafunda kuleNyuvesi futhi kuyosetshenziswa ngaphakathi kweNyuvesi kuphela;
- 15.4 Umfundi othi walivuma ngephutha icala, ngokunganaki noma ngezizathu zokungalandelwa kwendlela yokwenza, angafaka isicelo esibhaliwe kungakapheli izinsuku ezintathu elivumile icala, abeke izizathu kumshushisi ezenza afune ukuguqulwa kwalesisivumo secala. Isicelo esifana nalesi sizophenywa uMshushisi ongasivumela okusho ukuthi icala seliyodlulela eNkantolo Yezokuphathwa Kwabafundi.
- 15.5 Inhloko Yesikole izodlulisela ikhophi esayiniwe yefomu lokuvuma icala eHhovisi likaMabhalane Omkhulu kanye nehhovisi lokuziphatha kwabafundi
- 15.6 Umfundi otholakale ephula le mithetho esikhundleni sokushushiswa angashushiswa ngokuqukethwe emithethweni, ngokwemvume kaMshushisi angagcwalisa ifomu lokuvuma icala uma:

- 15.6.1 umfundi engakaze atholakale enecala elifanayo ngaphambilini, noma alivume noma ukuziphatha kabi okushiwo imithetho;
- 15.6.2 Umshushisi enombono wokuthi leli cala alidingi isigwebo esingaphezu kwalesi esikumthetho 15.7
- 15.7 Uma umfundi evuma icala ngokomthetho 15.6, umshushisi angamnika esinye salezi zigwebo:
- 15.7.1 Isexwayiso noma ukuthethiswa okanye kokubili
- 15.7.2 inhlawulo engekho ngaphezulu kwemali engange R1 500, edingeka ikhokhiwe ngosuku olumisiwe;
- 15.7.3 Ukuxoshwa endaweni yokuhlala isikhathi esimisiwe;
- 15.7.4 Ukukhokhwa kwezindleko zokulimaza ngosuku olumisiwe.  
kanye nokuthunyelwa kwekhophi yokuvuma icala esayiniwe kanye nesigwebo esibekwe uMabhalane Omkhulu ukuze kuqinisekise.
- 15.8 Emva kokuvunyelwa uMabhalane Omkhulu:
- 15.8.1 Igama kanye neSikole somfundi kuyoshicilelwa ngokwendlela egunyazwe uMkhandlu weNyuvesi;
- 15.8.2 Ukuvunywa kwecala kuzoqoshwa kumarekhodi omfundi ngesikhathi esafunda kuleNyuvesi futhi kuyosetshenziswa ngaphakathi kweNyuvesi kuphela;
- 15.9 Umfundi othi walivuma ngephutha icala ngaphansi komthetho 15.6, ngokunganaki noma ngezizathu zokungalandelwa kwendlela yokwenza, angafaka isicelo esibhaliwe kungakapheli izinsuku ezintathu elivumile icala, abeke izizathu kuMabhalane Omkhulu ezenza afune ukuguqulwa kwalesisivumo secala. Umabhalane Omkhulu angalubeka eceleni udaba lokuvuma icala, udaba lungadlulela kuMshushisi ukuze kuqhutshekwe nemithetho yokuqondiswa kwezigwegwe.

### **Inkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi**

16.

- 16.1 Inkantolo yezokuziphatha kwabafundi izoba nalaba bantu
- 16.1.1 Umongameli ozoba:
- 16.1.1.1 umuntu oqokwe uMabhalane Omkhulu ukuze enze lo msebenzi
- 16.1.1.2 ngummeli noma umuntu, ngokubona kwaMabhalane Omkhulu, onesipiliyoni futhi /noma onokuthembeka
- 16.1.2 ilungu Lommkhandlu Wabafundi jikelele noma umkhandlu wabafundi wekhempasieliqokelwe lomsebenzi ozohlala abheke nje kuphela, ngaphandle uma icala lethweswa uMkhandlu Wabafundi
- 16.1.3 uSolwazi oqokelwe lomsebenzi yiKholeji lapho kubhalise khona umfundi othintekayo, uma ukungaziphathi kahle kuxhumene nalokhu:
- 16.1.3.1 Uma umfundi ezimisele ngokuliphika icala lokukopela (ngokulandisa komthetho 9.3) ngesikhathi sokuhlolwa.
- 16.1.3.2 ukukopela (njengoba kuchazwe kumthetho 9.3) komfundi owenza iziqu zeMasters noma owenza iziqu zobudokotela
- 16.1.3.3 Ukuntshontsha imiqondo yabanye okuchazwe kumgomo wokuntshontshwa kwemiqondo yabanye
- 16.1.3.4 lapho kunethuba lokuthi isigwebo kube ukuphucwa iziqu, ukuxoshwa unomphelo, noma ukumisw eNyuvesi okwesikhathi esingaphezu kwamasesimesta amane.

- 16.2 Umphathi Wenyuvesi angayalela ukuthi ecaleni thize kuhlale noMabhalane Omkhulu njengelungu elengeziwe lenkantolo, uma kungukuthi icala livulwe uMabhalane Omkhulu ngokomthetho 14 uMabhalane Omkhulu angeke akwazi ukuqokwa ahlale kulenkantolo.
- 16.3 ilungu elithintekayo nganoma iyiphi indlela ezigamekweni eziyingxenye yecala ngeke liqokwe ukuba lihlale kule nkantolo
- 16.4 Ngaphandle kwamacala abalulwe kumthetho 16.1.3, ukuba khona kukaMongameli kuyochaza ukuthi inkantolo iphelele ngokusemthethweni.
- 16.5 Kukho konke okubalulwe kumthetho 16.1.3, bobabili uMongameli noSolwazi abaqokwe ngokomthetho 16.1.3 kumele babe khona.
- 16.6 Uma kukhona ukungavumelani ekuthathweni kwesinqumo senkantolo, isinqumo sikaMongameli siyoba ngujuqu.

## 17. Umshushisi

- 17.1 Umshushisi uyoshushisa futhi amele iNyuvesi kuzona zonke izigcawu zenkantolo yokuqondiswa kwezigwegwe; uma kungenzeki
- 17.2 Umshushisi angathumela umuntu okhethwe ngaphansi komthetho 18.1 ozomubambela uma lomuntu engake aqokelwe ukumela umfundi othintekayo

## 18. Ukumelwa Komfundi Ongummangalelwa

- 18.1 Emva kokuxhumana neDini Yessikole Sezomthetho, uMabhalane Omkhulu uzokhetha ezingxenyeni ezahlukene zeNyuvesi umuntu oyedwa noma ngaphezulu abazoba Abammeli Babafundi abangabasebenzi eSikoleni Somthetho noma abaneziqo abafunda eSikoleni Somthetho futhi abanamakhono adingekayo.
- 18.2 Abammeli Babafundi bayokwenza lokhu, uma becelwa ngumfundi:
  - 18.2.1 ukululeka umfundi kukho konke okuphathelene necala athweswe lona ngaphansi kwalemithetho, ikakhulukazi ngohlobo lobufakazi obudingekayo ukuze kwakheke lokhu ukuzivikela;
  - 18.2.2 ukuvela phambi kweNkantolo Yokuziphatha Kwabafundi bemele umfundi athethe icala njengomele umfundi
  - 18.2.3 Ukuzomela umfundi ukuze kuxoxiswane ngodaba lapho kwamukelekile ukuthi enze njalo.
- 18.3 Umfundi omangalelwe angazimela ecaleni ngokuhambisana nomthetho 18.4 kodwa ngeke amelwe ngokusemthethweni ngaphandle kokubalulwe kumthetho 18.4 lapha ngezansi.
- 18.4 Umfundi omangalelwe angamelwa omunye umfundi noma umsebenzi waseNyuvesi.

- 19 Ukudingidwa odaba phambi kweNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi kuyokwenzeka ngokomyalelo kaMabhalane Omkhulu elulekwe uMshushisi okunguyena oyokhomba okumele athweswe amacala, namacala azothweswa wona, uphenyo okumele lwenziwe, nobufakazi okumele butholakale. Umabhalane Omkhulu uyoyalela iNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi ukuba yazise umfundi noma inhlango yabafundi (njengokomthetho 20) ukuthi kunezinyathelo ezithathwayo.
- 20. Uma kutholakala ukuthi kukhona ukungaziphathi kahle okwenziwe abafundi ngesikhathi benza izinto zenhlango, ikomidi, inyunyana noma ikilabhu yabafundi (ngokwalemithetho zonke lezi zinto zizobizwa ngenhlango yabafundi) uMshushisi

angayithwesa icala lokungaziphathi kahle inhlangothi futhi iphinde ivele phambi kwenkantolo imelwe ngumongameli noma usihlalo kanye nonobhala wayo.

### **Isaziso Nenqubo Ngaphambi Kokuthethwa Kwecala Enkantolo**

#### **21. A. Isaziso**

21.1 Uma kunezinyathelo ezithathelwa umfundi ngokomthetho 19, Ihhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi liyonikeza umfundi othintekayo isaziso esibhaliwe ngesikhathi esingekho ngaphansi kwamahora angama 120 esisho ukuthi icala lizoqulelwa kuyiphi indawo kanye nesikhathi, uma kungukuthi sekusele amasonto amathathu kuphele isimesta, lesisaziso kumele sitholakale ngesikhathi esingekho ngaphansi kwamahora angama 72, izimpela sonto zingabalwa.

#### **B. Inqubo Ngaphambi Kokuthethwa Kwecala Enkantolo**

**a.** Zonke izinhlangothi kumele zibone/ zinikezane bonke ubufakazi ezizobusebenzisa ekuqulweni kwecala ngaphambili kwezinsuku eziyi-7 zokuya enkantolo.

**b.** Umhlangano ngaphambi kokuthethwa kecala noma isixazululo singazanywa yizinhlangothi zombili. Isinqumo sokwenza isixazululo noma umhlangano ngaphambi kokuthethwa kwecala kumele sikhishwe uMshushisi.

21.2 Isaziso siyothunyelwa kumfundi ngesandla, noma nge-imeyili, ekhelini lomfundi le-imeyili elisemabhukwini eNyuvesi, lokhu kuncike ekutholakaleni kobufakazi bokukhethi umfundi uyitholile i-imeyili, uma umfundi engatholakali, isaziso:

21.2.1 singathunyelwa ngeposi ekhelini elisemabhukwini eNyuvesi elabhaliswa umfundi futhi siyothathwa njengesitholiwe umfundi kungakapheli amahora angama-72 emva kokusiposa.

21.2.2 singashiywa ekhelini elibhaliswe umfundi futhi siyothathwa njengesitholiwe ngesikhathi sithunyelwa.

21.3 Isaziso okukhulunywa ngaso kumthetho 21.1 siyokwazisa umfundi ukuthi:

21.3.1 umfundi uzothathelwa izinyathelo ngaphansi koMthetho Wezokuziphatha Kwabafundi futhi simazise nokuthi ikhophi yalemithetho iyatholakala ehhovisi likaMabhalane Omkhulu noma ehhovisi lezokuziphatha kwabafundi uma efuna ukuyibheka;

21.3.2 yimiphi imithetho athathelwa izinyathelo ngaphansi kwayo siphinde sicacise amacala athweswa wona umfundi ukuze azi amacala abhekene nawo

21.3.3 ukhona uMmeli Wabafundi ongaluleka umfundi mayelana necala kanye namalungiselelo adingekayo;

21.3.4 umfundi angazimela naye noma omunye umuntu okucacisiwe kumthetho 18.3 no 18.4;

21.3.5 umfundi angabethula yena ubufakazi noma asebenzise ummeli wakhe ecaleni, abize ofakazi, abafake imibuzo ofakazi, ahlole amaphepha noma obunye ubufakazi aqhinde anxenxe inkantolo uma sekuzophuma isigwebo.

## 22. Inqubomgomo Enkantolo

- 22.1 Ngokuhambelana nokubalulwa umthetho 22.2 no 22.12, icala liyoqulwa ekhona umfundi othweswe icala lokungaziphathi kahle.
- 22.2 Uma umfundi, emuva kokunikwa isaziso ngesikhathi esanele ngokomthetho 21, engenayo indlela yokubela phambi kweNkantolo, udaba lungaqhubeka ngaphandle komfundi uma umfundi angabhala afisa ukukubeka phambi kweNkantolo ukuze ikubheke.
- 22.3 Icala liyothethwa phambi kwabantu, ngaphandle uma iNkantolo inqume ngenye indlela.
- 22.4 Umshushisi uyokwethula ubufakazi obucindezela umfundi othweswe icala futhi ephathele iNyuvesi icala.
- 22.5 Inkantolo iyonikeza umfundi noma omele umfundi ithuba elanele lokubeka ingxenye yabo nokuphendula ngokwamacala athweswe wona.

### 22.6 Inkantolo iyokwenza lokhu:

- 22.6.1 iyonikwa izitatimende zofakazi noma yini enye ebalulekile ekushintshwenwe ngayo ngabamele iNyuvesi nomfundi;
- 22.6.2 iyoyibheka lemibhalo nobunye ubufakazi futhi ilalele ofakazi ababizwa yiNyuvesi, noma umfundi, noma omele umfundi futhi ingafaka imibuzo kulabofakazi kanye nomfundi.
- 22.6.3 iyokwamukela isicelo sokuguqula amacala athweswe umfundi okungaba ukucubungula ukuvuma, noma ukwenza okunye, noma ithathe isinqumo sokubuyekeza amacala okungaba ukwengeza amacala amanye noma ukususwa kwelinye kubekwe elinye
- 22.7 Inkantolo, ngokuthanda, kwayo ingabiza ofakazi, ithole imibhalo nanoma yibuphi obunye ubufakazi obuthintene necala futhi ingayalela ukuba kukhonjiswe, kuvezwe noma kwenziwe phambi kwayo lokho efuna ukukubona ukuze ikwazi ukuthatha isinqumo ngecala eliphambi kwayo.
- 22.8 Ekuphothulweni kwecala, inkantolo iyothatha isinqumo, esisuselwa ebufakazini obethuliwe, sokuthi umfundi unecala noma akanalo icala. Isinqumo esithi umfundi unecala siyothathwa kuphela uma:
  - 22.8.1 icala lokungaziphathi kahle ,ngokokubona kwenkantolo, livezwe ngokungangabazeki, noma ukuvezwa kwezinto phambi kwayo sekuphelile.
  - 22.8.2 umfundi ezivumele yena ngokukhululeka ukuthi unecala nenkantolo yenelisekile ukuthi kunobufakazi obuvela kumfundi noma obuvela kwenye indawo obufakazela lokhu.  
Uma inkantolo ithola umfundi engenacala, umfundi uyotholwa emsulwa.
- 22.9 Konke okwenzeka enkantolo kuyoqoshwa umuntu oqokwe uMabhalane Omkhulu futhi onekhono lokwenza lo msebenzi.
- 22.10 okuqukethwe umthetho 21 no 22 kuyosebenza emacaleni athweswa inhlangano ngokomthetho 20.
- 22.11 Icala iyothethwa ngendlela enganamcikilisho, ngokuhambisana nemithetho yezomthetho jikelele, futhi akekho ummangalelwa oyothola ukungaphathwa ngendlela emlahlekiselayo ngenxa yokuhluleka kwakhe noma ommele ukugcina imithetho njengokusetshenziswa kwayo yizinkantolo zikazwelonke: uma izindlela zokwenza ezilandelwayo zaleMithetho Yezokuziphatha



Kwabafundi iyolandelwa ngokugcwele, eminye imithetho nemiyalelo emayelana nokuqhutshwa kewcala engahambisani nalemithetho engabekwa ngezinye izikhathi, iyolandelwa futhi igcinwe.

22.12 Uma inkantolo ikubona kuwusizo kwiNyuvesi noma kumfundi waseNyuvesi ukuba igama likafazi othula ubufakazi phambi kwenkantolo lingadalulwa futhi lingabhalwa nakumbiko, inkantolo, ngokosicelo sikaMshushisi, ingakhipha enye noma yonke lemiyalelo:

22.12.1 ukuthi kungabi khona omunye umuntu enkantolo ngesikhathi ufakazi ethula ubufakazi ngaphandle kommele iNyuvesi kanye nommele ummangalelwe, noma

22.12.2 ukuthi igama likafakazi lingashicilelwa embikweni ngecala, noma

22.12.3 ukuthi irekhodi lobufakazi liqoshwe ngendlela ezofihla igama likafakazi.

22.13 UMengameli weNkantolo yokuPhathwa Kwabafundi uyoba namandla okuxazulula udaba uma kubonakala kufanelekile ukwenza kanjalo. Esigamekweni lapho lesi sixazululo singaphumelelanga, uMengameli weNkantolo yokuPhathwa kwabafundi kumele aqhubeke aqhubeke nokuthethwa kwecala.

### **23. Inqubo Uma Umfundi Etholwa Enecala**

23.1 Uma umfundi esetholwe enecala lokungaziphathi kahle, iNkantolo ingamnika lezi zigwebo ezilandelayo:

23.1.1 isexwayiso noma ukuthethiswa noma kokubili,

23.1.2 umyalelo wokukhokha inhlawulo ehambelana nomonakalo odalekile ngalolosuku njengokunquma kweNkantolo,

23.1.3 inhlawulo engeqile kwiR2 500 eyokhokhwa ngosuku olunqunywe inkantolo,

23.1.4 ukunqatshelwa ukubamba iqhaza ezintweni zeNyuvesi kuze kudlule isikhathi esinqunyiwe,

23.1.5 ukuxoshwa isikhathi esinqunyiwe ezingxenyeni ezithize eNyuvesi,

23.1.6 ukumiswa isikhathi esinqunyiwe eNyuvesi,

23.1.7 Ukuxoshwa unomphelo kwiNyuvesi okungukuthi umfundi, ngeke aphinde amukelwe eNyuvesi ngaphandle uma kungokomthetho 33

23.1.8 ukwenqatshelwa ukungena egunjini lokuhlolwa,

23.1.9 ukwephucwa amamaki okuhlolwa okunhlobonhlobo,

23.1.10

a. Imininingwane egcwele ngohlobo lomsebenzi wokuhlawula

b. Isikhathi somsebenzi wokuhlawula

c. Indawo lapho umsebenzi wokuhlawula uyokwenzelwa khona

d. Indlela lomsebenzi wokuhlawula oyokwenziwa ngayo

Isayinwe ngumholi oqokiwe, ovumile ukubheka umsebenzi wokuhlawula, kanye nombhali wombiko azethule enkantolo yokuziphatha kwabafundi ukwethula umbiko mathupha uma inkantolo imdinga ukuba enze lokho.

**23.1A** Ngokuhambelana nokumiswe uMthetho 23.5, lapho iNkantolo ithola ummangalelwa enecala lokudlwengula kanye/noma ukudlwengula ngempopo, njengokuchazwa kwakho eMthethweni i-Sexual Offences Act 32 yangonyaka wezi-2007, ngaphezu kwesigwebo esibekwe ngokoMthetho 23.1, umfundi kumele axoshwe ngokoMthetho 23.1.7.

**23.1B** Ngokuhambelana nokumiswe uMthetho 23.5, lapho iNkantolo ithola ummangalelwa enecala lokudlwengula kanye/noma ukudlwengula ngempopo, njengokuchazwa kwakho eMthethweni i-Sexual Offences Act 32 yangonyaka wezi-2007, ngaphezu kwesigwebo esibekwe ngokoMthetho 23.1, umfundi kumele axoshwe ngokoMthetho 23.1.7. ngaphandle, uma kunezingqinamba ezithile ezifanele ukubhekisiswa, ngokubona kweNkantolo.

**23.1C** Ngokuhambelana nokumiswe uMthetho 23.5, lapho iNkantolo ithola ummangalelwa enecala lokudlwengula kanye/noma ukudlwengula ngempopo, njengokuchazwa kwakho eMthethweni i-Sexual Offences Act 32 yangonyaka wezi-2007, ngaphezu kwesigwebo esibekwe ngokoMthetho 23.1, umfundi kumele axoshwe ngokoMthetho 23.1.7. ngaphandle, uma kunezingqinamba ezithile ezifanele ukubhekisiswa, ngokubona kweNkantolo

- 23.2 Ngephezulu kwanoma yisiphi isigwebo esikhishiwe ngaphansi komthetho 23.1.1 kuya ku 23.1.10 ngenhla, lapho ukungaziphathi kahle okuthintekayo kuphula umthetho 9.3 ngesikhathi kunokuhlolwa okusemthethweni eNyuvesi, ngaphandle uma iNkantolo ithola umfundi enecala ngokomthetho 9.3.1 omayelana nokungenisa kanye no 9.3.2 omayelana nokutholakala uphetho umakhal'ekhukhwini, iNkantolo iyogweba ngalendlela:
- 23.2.1 ukwesulwa kwayo yonke imiphumela yokuhlolwa kanye nemiphumela yokuhlolwa kwamanye amamojuli kuleyo simesta ethintekayo;
- 23.2.1Ukuhoxiswa noma ukuphucwa amamaki okuhlolwa kwesifundo lapho umfundi etholakale enecala lokukopela khona.
- 23.2.2 ukwephucwa iziqu, idiploma noma isitifiketi esitholakale ngenxa yokungaziphathi kahle;
- 23.2.3 uma kungekho zizathu eziphikisayo, umfundi angamiswa eNyuvesi isikhathi esingangaba amasimesta amabili.
- 23.3 Ngephezulu kwesigwebo esikhishiwe kumthetho 23.1.1 kuya ku 23.1.10 lapho ukungaziphathi kahle kuthintene nokungathembeki, ukuntshonstha imiqondo yabanye iNkantolo ingayalela ukuthi kwesulwe iziqu, idiploma noma isitifiketi esitholakale ngokungathembeki.
- 23.4 Uma ummangalelwa ophambi kweNkantolo kuyinhlango kuyinhlango yabafundi ethweswa icala ngokomthetho 20, iNkantolo ingenza lokhu:
- 23.4.1 ingagweba ngokwezigwebo eziku 23.1.1 kuya ku 23.1.10, lapho uma isigwebo kuyinhlawulo, iNkantolo iyonquma ukuba wonke amalungu eqembu akhokhe ngokokunquma kweNkantolo isamba esizokhokhwa yilungu ngalinye,
- 23.4.2 ukumiswa kokusebenza kwenhlango ngokwesikhathi esinqunyiwe.
- 23.5 Ngaphambi kokukhipha isigwebo ikantolo iyonika umfundi noma omumele ithuba lokuletha ubufakazi, okuthinta nolwazi oluyimfihlo ngokubhala nokubiza ofakazi ekudingidweni

kwesigwebo. Inkantolo iyobuye inike iNyuvesi ithuba lokubeka uhlangothi lwayo ngokwezidingo zeNyuvesi noma zabafundi baseNyuvesi oluyobhekwa yiNkantolo ngaphambi kokuthatha isinqumo. Inkantolo iyobheka ubufakazi obuphambi kwayo, imiphumela yomfundi yaphambilini kanye nokuziphatha komfundi eNyuvesi ngaphambi kokukhipha isigwebo.

- 23.6 Ekutholakaleni komfundi enecala wagwetshwa inkantolo, ngaphandle uma inkantolo ikhiphe omunye umyalelo, igama lomfundi nesikole sakhe kuyoshicilelwa eNyuvesi ngokwemiyalelo yenkantolo
- 23.7 Icala liyoqoshwa emabhukwini omfundi kuze kuphele isikhathi sokufunda komfundi eNyuvesi, ngaphandle uma iNkantolo iyalela ukuthi:
- 23.7.1 irekhodi lomfundi lingaqoshwa, noma
- 23.7.2 lokhu okuqoshwe erekhodini lomfundi kuhlale khona Akukho okuqoshwe lapho okuyophambana nomthetho 32.
- 23.8 Umfundi otholwe enecala lokungaziphathi kahle uyokwelulekwa ukuthi acele ukwedlulisa icala liye kuMkhadlu Wenyuvesi.
- 23.9 Ekuphothulweni kwecala, Ihhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi liyokwazisa umfundi ngokubhaliwe ngokomthetho 21, ngomphumela wecala kanye nesigwebo esikhishiwe kanye nomyalelo weNkantolo, uma ukhona, owenziwe ngokomthetho 23.6 no 23.7, kanye nenqubo yokudlulisela icala.

#### **IZINKANTOLO ZEZINDAWO ZOKUHLALA**

#### **24.**

- 24.1 Lapho uMshushisi edlulisela udaba, noma emva kokuxhumana noMshushisi, umfundi othweswa amacala okungaziphathi kahle njengokuchazwa kwawo kumthetho 9, noma nokuthintene, nendawo yokuhla uyovela phambi kweNkantolo Yendawo Yokuhlala.

#### **24.2 Inkantolo Yasendaweni Yokuhlala iyoba nalabantu:**

- 24.2.1 UMengameli weNkantolo yokuPhathwa Kwabafundi.
- 24.2.2 Uphathi Wezindawo Zokuhlala Zabafundi, noma kube uMphathi Wendawo Yokuhlala ethintekayo, kanye
- 24.2.3 Nobhekelele Inhlalakahle Ezindaweni Zokuhlala Abafundi kuleyondawo ethintekayo, okhethwe yiDini Enkulu Yezabafundi; kanye
- 24.2.4 NoSihlalo Wekomidi Lendawo Yokuhlala noma okhethwe nguyeyoyilungu Lekomidi Lendawo Yokuhlala.

#### **25. Inqubo Enkantolo Yezindawo Zokuhlala**

- 25.1 Icala lokungaziphathi kahle liyokwethweswa umfundi uma:
- 25.1.1 Ngokophethe Indawo Yokuhlala kubonakala ukuthi umfundi uphule umthetho, okuchaziwe ngokomthetho 9, kodwa emva kukuxhumana noMshushisi; noma
- 25.1.2 uMshushisi ayalele iNkantolo Yezindawo Zokuhlala ukuba ibheke lolu daba.
- 25.2 Umfundi othweswa icala lokungaziphathi kahle uyobizwa ukuzovela phambi kweNkantolo Yezindawo Zokuhlala ngokwesaziso esibhaliwe

esingekho ngaphansi kwamahora angama-72 esibhalwe ngokulandela umthetho 21.

- 25.3 Ekuquleni icala, iNkantolo iyosebenza njengenqubo yezinkantolo futhi iyobiza iphinde ifake imibuzo kofakazi abangavela bezofakaza.
- 25.4 Uma umfundi, emva kokunikwa isaziso sokuzovela phambi kweNkantolo, futhi engagunyazwanga yiNkantolo, ehluleka ukuvela phambi kweNkantolo ngokomthetho 25.2, iNkantolo iyoqhubeka engekho, ngaphandle uma umfundi ezoletha imibhalo ezobhekwa yiNkantolo.

## **26. Inqubo Yokukhishwa Kwesigwebo Enkantolo Yendawo Yokuhlala**

- 26.1 Uma kwenzeka iNkantolo Yendawo Yokuhlala ithola umfundi enecala lokungaziphathi kahle iyomnika esisodwa noma ngaphezulu kulezi zigwebo;
- 26.1.1 ukuthethiswa noma isexwayiso, noma kokubili;
- 26.1.2 umyalelo wokuba kukhokhwe inhlawulo ngomonakalo owenziwe empahleni noma ukulahlekelwa okwenzekile ngosuku olumiswe inkantolo
- 26.1.3 inhlawulo engeqile kwiR1000, okumele ikhokhwe ngosuku olunqunywe yiNkantolo;
- 26.1.4 ukuphucwa wonke amalungelo noma ambalwa endawo yokuhlala;
- 26.1.5 ukwenza imisebenzi yendawo ngokwesikhathi esiyonqunywa yiNkantolo esingekhe sibe ngaphezu kwesimesta eyodwa;
- 26.1.6 ukumiswa isikhathi esinqunyiwe endaweni yokuhlala noma ezingxenyeni zayo;
- 26.1.7 ukuxoshwa endaweni yokuhlala, okuncike ekubikweni kwesigwebo kuMabhalane Omkhulu futhi ngeke kuqale ukusebenza ngaphambi kokuvunywa nguMabhalane Omkhulu yena ozobe esazisa umfundi ukuthi uyaxoshwa endaweni yokuhlala okungukuthi lapho kuphume isigwebo sokuxoshwa komfundi endaweni yokuhlala esivunywe uMabhalane Omkhulu ngokuhambisana nalomthetho, uma futhi uMabhalane Omkhulu esho ngenye indlela, umfundi ngeke amukelwe kwenye indawo yokuhlala.
- 26.2 Uma umfundi esetholwe enecala uyokwelulekwa ngamalungelo ake okudlulisa icala ngaphansi komthetho 30

### **UKULENGISWA KWESIGWEBO NOKUDLULISA ICALA**

## **27. Ukulengiswa Kwezigwebo**

- 27.1 Inkantolo Yokuziphatha Kwabafundi noma iNkantolo Yezindawo Zokuhlala eyakheke ngokwalemithetho ingayalela ukuthi noma yisiphi isigwebo esikhishwe yiNkantolo ethintekayo silengiswe isikhathi esingeqi esikhathini lapho umfundi esengumfundi eNyuvesi nalapho iNkantolo ibona kufanele ngaphandle uma isixwayiso noma ukuthethiswa futhi uma wezigwebo ezikumthetho 23.1.7 zingekhe zilengiswe;
- 27.2 Uma isigwebo esikhishiwe silengisiwe kodwa umfundi aphule imibandela ebekiwe iNkantolo ebeke isigwebo sokuqala ingenza lokhu:
- 27.2.1 iyoyalela ukuba isigwebo esilengisiwe sisetshenziswe; noma

- 27.2.2 iphinde iyalele ukuqhubeka kokulengiswa kwesigwebo ngaphansi kwemibandela efanayo noma eyehlukile; noma
- 27.2.3 yenze eminye imiyalelo eyibona ifanelekile emayelana nesigwebo esilengisiwe

## **28. Ukudluliswa Kwecala**

- 28.1 Umfundi noma iNyuvesi ingadlulisa icala ngokwendlela ehlinzekelwe lapha ekubhekaneni nokulahlwa yicala ngokuphula le mithetho noma ekubhekaneni nesigwebo esikhishwe yiNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi noma Yezindawo Zokuhlala. Ngalezi zizathu ukudluliswa kwecala kungathinta isicelo sokubuyekezwa ukuqulwa kwecala ngezizathu zokuthi iNkantolo ayiyilandelanga imithetho yobulungiswa.
- 28.2 Ngaphandle uma iNkantolo iyalela ngenye indlela ngesikhathi kukhishwa isigwebo, ukudonswa kwesigwebo esikhishwe yiNkantolo kuyolengiswa kuze kudlule ukudluliswa kwecala ngokulandelwa kwemithetho ebekiwe ngaphandle uma kungumbono ka Mabhalane Omkhulu ukuthi kuyosiza iNyuvesi, noma kuyosiza Umfundi ukuba isigwebo singalengiswa, uMabhalane Omkhulu angayalela ukuba ukuba isigwebo singalengiswa, uMabhalane Omkhulu uyena oseyobona ukuthi isigwebo silengisiwe noma cha.

## **29. Ukudluliswa Kwecala kusuka eNkantolo Yokuziphatha Kwabafundi Kuya Ekomidini Lokudlulisa Amacala Lomkhandlu**

- 29.1 Umfundi otholwe enecala yiNkantolo Yokuziphatha Kwabafundi angadlulisa icala noma akhononde ngesigwebo, noma kokubili kanti neNyuvesi ingadlulisa icala uma ikhononda ngokungatholwa necala komfundi noma isigwebo seNkantolo singadlulela eMkhandlwini WeNyuvesi ngokwendlela ebekwe kulomthetho.
- 29.2 Umdlulisicala (okungaba umfundi noma iNyuvesi) uyofaka isicelo sokudlulisa icala eNkantolo Yokuziphatha Kwabafundi liya kuMkhandlu WeNyuvesi; ngendlela okulandiswa ngayo kulomthetho.
- 29.3 Isicelo esifana nalesi esincike ebufakazini obethuliwe nom/kanye nenokwethulwe eNkantolo Yokuziphatha Kwabafundi, siyokwenziwa kanje:
- 29.3.1 siyokwethulwa ngomlomo, ngokubeka izizathu zokwenza lesi sicelo sokudlulisa icala emva kokuphuma kwesigwebo futhi ngaphambi kokuphuthulwa kokusebenza kweNkantolo; noma
- 29.3.2 isaziso esibhaliwe esicacisa izizathu zokudlulisa icala ekumele sifakwe eHhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi kungakadluli izinsuku ezintathu kuphuthulwe icala.
- 29.4 Uma iNkantolo ibona isicelo sinethuba lokuba yimpumelelo, iyovumela ukuba kudluliswe icala iphinde yazise iHhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi kanye noMabhalane Omkhulu ngesinqumo sayo. IHhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi liyokwazisa omele umfundi noma uma umfundo ezimele, umfundi uqobo lwakhe uma ezimele.
- 29.5 Uma iNkantolo yenqaba ukudlulisa icala lomfundi ogwetshwe ngaphansi kwalemithetho, iyoyalezela iHhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi noMabhalane Omkhulu. iHhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi liyokwazisa omele umfundi noma umfundi uqobo lwakhe. Uma kunjenge:
- 29.5.1 umfundi anganxexxa uMkhandlu ukuba uvumele ukudluliswa kwecala.

- 29.5.2 lokhu kunxenxa kuyobhalwa futhi kubalule izizathu zalesi sicelo futhi siyofakwa eHhovisi LikaMabhalane Omkhulu kungakadluli izinsuku ezilishumi zokusebenza emva kukuthi iNkantolo isichithile isicelo sokudlulisa.
- 29.5.3 uMabhalane Omkhulu uyodlulisela lokhu kunxenxa kuMqondisi Wezomthetho oyokubheka emva kwalokho aluleke uSihlalo woMkhandlu.
- 29.5.4 uSihlalo woMkhandlu uyovumela noma aphikise lokhu kunxenxa.
- 29.5.5 uma ukunxenxa kuphumelela, ukudlulisa kuyolalelwa ngokuhambisana nalemithetho.
- 29.5.6 Isinqumo sikaSihlalo woMkhandlu siyoba ngujuqu futhi akukho kunxenxa okuyolalelwa noma kubhekwe.
- 29.6 Uma iNkantolo noma uSihlalo woMkhandlu evuma ukuba kudluliswe icala, umfundi kuyomele abhale amaphuzu aphikisa ngawo isigwebo okuyomele afakwe eHhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi kungakadluli izinsuku eziyishumi zokusebenza emva kokuthola isaziso ngokomthetho 29.4 noma 29.5. Uma umdlulisicala engawafaki lamaphuzu, uMabhalane Omkhulu uyoba nelungelo lokusebenzisa okugunyazwa umthetho 28.2
- 29.7 Ngaphandle kokuyalela ngenye indlela koMkhandlu WeNyuvesi, ukudlulisa kuyosuselwa kokuqoshwe ngesikhathi secala eNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi; ngaphandle uma umdlulisicala efaka isicelo kuMabhalane Omkhulu ecela Ikomidi Lokudlulisa Amacala ukuba lamukele ubufakazi obusha. Lobu bufakazi kufanele:
- 29.7.1 budluliselwe kuMabhalane Omkhulu kungakadluli izinsuku eziyishumi kuphume isaziso seNkantolo ngokomthetho 29.4 noma ukuvunyelwa kokunxenxa ngokomthetho 29.5; futhi
- 29.7.2 acacise ngobunjalo nenhloso yalobu bufakazi namagama ofakazi uma bekhona;
- 29.7.3 kuyophikiswana ngabo phambi kweKomidi Lokudlulisa Amacala ekuqaleni kokulalelwa kokudlulisa icala; Ikomidilokudluliselwa kwamacala, uma libona kuyingxenye yobulungiswa, lingavumela liphinde lilale ubufakazi obengeziwe njengengxenye yokudlulisa. Uma iKomidi lisichitha lesi sicelo, leso sinqumo siyoba ngujuqu.
- 29.8 Uma iNkantolo ikuvumela ukudlulisa icala noma uSihlalo woMkhandlu ekuvumela ukudluliswa kwecala, uMabhalane Omkhulu uyodlulisela kwiKomidi Lokudlulisa Amacala loMkhandlu:
- 29.8.1 isaziso sokudlulisa icala,
- 29.8.2 okuqoshiwe ngenkathi kuqulwa icala,
- 29.8.3 umbiko owenziwe yiNkantolo ngokomthetho 22.9
- 29.8.4 izimpikiswano ezifakwa ngokomthetho 29.6, kanye
- 29.8.5 nanoma yisiphi isicelo esifakwa ngokomthetho 29.7.
- 29.9 Uma kungenasicelo esenziwe ngokomthetho 29.7, iKomidi Lokudlulisa Amacala liyobheka liphinde linqume ngokwamaphepha afakwe ngokomthetho 29.8
- 29.10 Uma kunesicelo esifakiwe ngokomthetho 29.7, futhi siphumelele ngokweKomidi Lokudlulisa Amacala, uMabhalane Omkhulu uyonika umdlulisicala kanye naloyo aphikisana naye amahora angama 120 ngesaziso esibhaliwe mayelana nendawo kanye nesikhathi sokulalelwa kobufakazi obusha. Kulelicala:
- 29.10.1 kuyobizwa ofakazi abasha baphinde bafakwe imibuzo;
- 29.10.2 emva kokulalela ubufakazi, iKomidi Lokudlulisa Amacala liyovala ukulalwa kwalobu bufakazi ngokomthetho 29.8.

- 29.11 Ukudlulisa icala kuyocubungulwa yiKomidi Lokudlulisa Amacala loMkhandlu elinalamalungu:
- 29.11.1 amalungu amathathu akhethwe uSihlalo woMkhandlu kubantu abakhethelwe lomsebenzi eMkhandlwini; uma nje lamalungu engeke abe yiwo wodwa njengamalunga alesi sigungu, futhi uSihlalo weKomidi uyoba umuntu ongummeli.
- 29.11.2
- 29.12 Ikomidi Lokudlulisa Amacala liyovumela noma liphikise ukudluliswa kwecala ngokuphelele noma ngokuyingxenye futhi lesi sinqumo siyoshicilelwa ngokomthetho 23.6; uma isinqumo salelikomidi siyobikwa emhlanganweni olandelayo ojwayelekile woMkhandlu.
- 29.13 Lo mthetho uyosebenza ngendlela efanayo uma isicelo sokudlulisa icala sifakwa yinhlangano ethweswa icala ngokomthetho 20 noma ngokudlulisa okwenziwa yiNyuvesi ngokwesigwebo esikhishelwe lenhlangano.
- 29.14 Uma kungenakudluliswa kwesigwebo noma icala njengokukusho komthetho futhi uMkhandlu unesizathu sokukholelwa wukuthi umfundi ugwetshwe engenacala, noma isigwebo asinikiwe sikhulu kakhulu, uMkhandlu ungaqoka ithimba elibalulwe kumthetho 29.12 elizoba yikomidi elizobheka lesi sigwebo noma lelicala lenze iziphakamiso kuMkhandlu ngalolu daba ngaphandle uma ikomidi lingeke liphakamise kuMkhandlu ukuthi icala lisulwe noma isigwebo sihoxiswe ngenxa yokungenzi ngendlela esemthethweni ngenkathi kuthethwa icalphambi kweNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi okungazange kwaba nomphumela ongemuhle wokungabikhona kobulungiswa.

### **30. Ukudlulisa icala kusuka eNkantolo Yezindawo Zokuhlala kuya Enkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi**

- 30.1 Ukudluliswa kwecala noma isigwebo yiNkantolo Yasezindaweni Zokuhlala kuyolalelwa yiNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi njengokusho kwalomthetho.
- 30.2 Umfundi ogwetshwe yiNkantolo Yezindawo Zokuhlala unelungelo lokudlulisa icala, ngokubhala isaziso, esyofakwa eHhovisi Lezokuziphatha Kwabafundi kungakadluli izinsuku ezintathu kukhishwe isigwebo yiNkantolo Yezindawo Zokuhlala.
- 30.3 Icala lokudluliselwa liyolalelwa iNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi njengokulandisa kwezimiso zomthetho 16.
- 30.4 Uma ukudluliswa kwecala kumayelana nokugwetshwa komfundi, iNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi iyolalela amacala athweswe umfundi ngokwendlela ye *de novo* konke kuyoqhutshwa ngokomthetho 22.
- 30.5 Uma ukudluliswa kwecala kumayelana nesigwebo kuphela, iNkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi iyolalela ubufakzi obusekela noma obuphikisa isigwebo.
- 30.6 Inkantolo Yezokuziphatha Kwabafundi ingavumela noma iphikise ukudlulisa icala ngokuyingxenye noma ngokuphelele futhi ingehlisa noma yenyuse isigwebo futhi ingayalela ukuba isinqumo sishicilelwe ngokomthetho 23.6, futhi lesi sinqumo singujuqu.
- 30.7 Konke okumayelana nalomthetho kuyosebenza nanoma isiphi isimo sokudlulisa icala okwenziwa yinhlangano yabafundi ngokomthetho 20.

## OKUNHLOBONHLOBO

### 31. Izinhlawulo Nezinxephezelo

- 31.1 Zonke izinhlawulo nezinxephezelo ziyokhokhwa umfundi noma inhlangothi yabafundi ngaphansi kwalemithetho kuMphathizimali weNyuvesi kungakapheli isikhathi esinqunyiwe noma uma ledlulisiwe icala njengongokulandisa kwemithetho, kungakapheli izinsuku ezingama 21 kuphume isinqumo.
- 31.2 Isikhathi sokukhokha siyokwengezwa kuphela uma umfundi noma inhlangothi yabafundi ifaka isicelo kuMabhalane Omkhulu, lesi sengezo siyogunyazwa ngokubona kukaMabhalane Omkhulu ebambisene noMshushisi.
- 31.3 Uma kuba nesimo lapho umfundi engakhokhi inhlawulo noma isinxephezelo ngesikhathi esinqunyiwe yiNkantolo noma uMshushisi (njengesimo secala), noma emva kwesengezo esifakwe uMabhalane Omkhulu ngokomthetho 31.2 isamba lesi esingakhokhiwe siyofakwa emalini yesikole yomfundi.
- 31.4 Uma kuba nesimo lapho inhlangothi yabafundi ingakhokhi inhlawulo noma isinxephezelo ngesikhathi esinqunyiwe ngokwalomthetho, uMabhalane Omkhulu emva kokukhipha isexwayiso esibhalwe phansi, angayimisa lenhlangothi ize ikhokhe.
- 31.5 Zonke izinhlawulo nezinxephezelo ezikhokhwa ngokwalemithetho, ziyofakwa esikhwameni seNyuvesi esingujikelele.

### 32. Ukwesulwa kwesigwebo noma kwecala emabhukwini omfundi

- 32.1 Wonke umuntu ogwetshwe yiNkantolo esungulwe ngokwalemithetho mayelana nokungaziphathi kahle, angafaka isicelo sokuba lesi sigwebo noma icala lesulwe nguMabhalane Omkhulu emabhukwini akhe.
- 32.2 Umabhalane Omkhulu uyothintana nePhini Lomphathi Wenyuvesi noma iNhlangothi Yesikole lapho umfundi ebhaliswe khona, emva kokuhlaziya konke okufanele okumbandakanya nohlobo lokungaziphathi kahle, angayalela ukuthi kusulwe icala noma isigwebo emabhukwini omfundi.

### 33. Isicelo sokubuyiswa komfundi obexoshiwe

- 33.1 Umuntu obexoshiwe ngokwalemithetho angenza isicelo sokubhaliswa kabusha eNyuvesi emva kweminyaka eyisikhombisa.
- 33.2 Isicelo sokubhaliswa kabusha ngeke sithathwe njengesicelo sokwesulwa kwesigwebo noma icala ayethweswe lona.
- 33.3 Isicelo sokubhaliswa kabusha kumele sibhalwe, sichaze ngokugcwele izizathu zokufaka isicelo futhi kumele sithunyelwe kuMabhalane Omkhulu.
- 33.4 Isicelo sokubhaliswa kabusha siyobhekwa yikomidi labantu abathathu elikhethwe uSihlalo Womkhandlu Wenyuvesi.
- 33.5 Ikomidi lingacela imininingwane eminye futhi licele uMabhalane Omkhulu, ummangali, nanoma yimuphi umuntu onendaba naloludaba abhalele ikomidi ezwakalisa umbono wakhe ngalesi sicelo. Ofake isicelo uyoba nelungelo lokuthola amakhophi emibhalo yalezi zimpendulo aphinde aziphendulele ngokubhala.
- 33.6 Ikomidi liyothatha isinqumo ngendlela elizosebenza ngayo kanye nezikhathi zezimpendulo, amaphepha azofakwa kanye nezimpendulo.



- 33.7 Ikomidi lingathatha isinqumo lisebenzisa okubhaliwe noma libize abantu ukuba bazozikhulumela.
- 33.8 Ikomidi lingavumela ukubhalisa kabusha uma lenelisekile ngokuthi umfundi uzokwamukelwa futhi linesiqiniseko sokuthi yonke into ime ngomumo. Ekuthatheni lesi sinqumo, ikomidi liyobheka lokhu okulandelayo:
- 33.8.1 isimo kanye nobucayi kwecala;
- 33.8.2 isikhathi esesidlulile emva kokuxoshwa;
- 33.8.3 imibono nemizwa kaMabhalane Omkhulu mayelana nesicelo;
- 33.8.4 imibono nemizwa yommangali kanye nabanye abanendaba nalolu daba mayelana nesicelo;
- 33.8.5 izinga lokuzisola elikhonjiswa ofake isicelo;
- 33.8.6 izinyathelo ezithathwe ofake isicelo ukuze azisize (ukuqeqeshwa, ukwelashwa, ukwelulekwa) ukwenza impilo yakhe ibe ngcono.
- 33.8.7 ukuziphatha kofake isicelo emva kokuxoshwa.
- 33.9 Uma ikomidi lisichitha isicelo, asikho esinye isicelo esiyobhekwa yiNyuvesi.
- 33.10 Uma ikomidi livumela isicelo, lokhu kuyovumela ofake isicelo ukuba afunde eNyuvesi. Isicelo saloluhlobo kumele sibhekwe ngokusisekelayo ngokuhambisana nemithetho yokufunda kanye nemigomo ebheke ukwamukelwa kwabafundi.